

# ABASEBENZISI BESAPHULELO

Ayikho imikhiqizo engeniswe ezweni noma izinto ezingatholwa inoma imuphi umakhi obhalisiwe noma umkhiqizi ngesaphulelo ngaphandle uma ebhalise eMnyangweni wokuThelisa njengomsebenzisi wesaphulelo.

Abakhi noma abakhiqizi ababhalisiwe kumele bathole imvume eMnyangweni wokuThelisa ngaphambi kokungenisa naziphi izimpahla (okungaba izinto ezingasetshenziwe, izakhi noma izinto zikagesi) ngaphansi kwesaphulelo sentelo ekuSheduli 3 no-4.

Umfakisicelo kanye nesitolo sesaphulelo kumele kube seNingizimu Afrika. Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi loMnyango wokuThelisa lapho indawo yokulawula umkhiqizo noma indawo okukhiqizelwa kuyo ikhona. Umfakisicelo kumele athobeke imibandela ecaciswe ohlwini lwezinto sezaphulelo ngesikhathi sokufakwa kwesicelo.

Uma kudingeka imvume yeKhomishana eyeNgamele uHwebo lweziZwe i-International Trade Administration Commission (ITAC) ngokwento yesephulelo, umfakisicelo angabhaliswa njengomsebenzisi wesaphulelo kuphela uma engumnikazi wemvume.

Izitolo zezaphulelo ezisesakhiweni esisodwa noma esitezi esisodwa nelinye ibhizinisi kumele zihlukaniswe.

Amathangi okugcina izinto eziningi kumele ahlukaniswe kanti uMnyango wokuThelisa kumele ukwazi ukuzibeka uphawu/ukuzivala, uma kunesidingo.

- [Isiqondiso sangaphandle i-Rebate Item 470.03 External Guide](#), ihlinzeka ukutolikwa kanye nokusetshenziswa kwe-Rebate item 470.03, kubandakanya ukudluliswa kwezicelo zababhalisayo, ukugunyazwa kwezimpahla ngaphansi kwesaphulelo kanye nokubalwa kwezimpahla ezingeniswe ezweni
- [Inqubomgomo yangaphandle i-Clearance Declaration External Policy](#) ihlinzekela ukuthunyelwa kwe-Customs clearance declarations (CCD) ithunyelwa abasebenzisi besaphulelo ngokweSheduli 3.

## Imaphi amafomu okumele agcwaliswe ukuze ubhalise njengomsebenzisi weSaphulelo?

Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele. Yilawa:

- [DA185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients](#)
- [DA 185.4A3 - Registration Client Type 4A3 - Rebate User \(Schedules 3, 4 and 6\)](#)

Thumela wonke amadokhumenti eseka isicelo njengoba kushiwo kumafomu okufaka izicelo ehhovisi loMnyango wokuThelisa eliseduze nawe.

Lawa madokhumenti okweseka alandelayo kumele ahambe nefomu lesicelo:

- Imvume ye-ITAC, uma idingeka entweni yesaphulelo.
- Isivumelwano phakathi kongenisa impahla ezweni noma nomthelekisi kanye nomkhiqizi kumele sibe nalokhu:
  - Imigomo ukwakhiwa noma ukukhiqizwa okuzokwenziwa ngaphansi kwayo;
  - umkhiqizo; kanye
  - Umuntu okunguye ozobhekana nemikhiqizo eyakhiwe noma ekhiqiziwe.
- Ipulani (kungaze kube yisakhiwo) lamagceke elikhombisa ukuthi isitolo sezaphulelo esihlongozwayo sizoba kuphi nendawo (isib. isitolo, umkhumbi, ithangi kanye negceke).
- Uhlu lwendawo yemishini nemishini.

## ISheduli ye-4

Lezi yizaphulelo ezijwayelekile kuSheduli 1 iNgxenye 1, 2 no-5 yezinhlawulo. INgxenye 5 isebenza ezimpahleni ezikhokhelwa ilevi kaphethilomu. Izinhlawulo yizo ezikhomba ukuthi singakanani isaphulelo somkhiqizo ngamunye ngaphansi kwale sheduli.

Lokhu okulandelayo yizinyathelo ezikhethekile zikahulumeni ngaphansi kwesheduli ye-4:

## Rebate Item 470.03

Okuhlinzekelwa yi-Rebate Item 470.03 kuhlinzekela isaphulelo esiphelele sentelo yoMnyango wokuThelisa ezimpahleni ezingeniswe ezweni ezichazwe kumvume ye-ITAC, okungukumiswa kwentelo yoMnyango wokuThelisa ezimpahleni

ezizosetshenziswa ekwakhiwe, ekudlulisweni, ekuqedelweni, ekulungiseni noma ekupakisheni izimpahla ezibekelwe ukuthelekiswa. Ukuhlinzekela kuphinde kunike ithuba ekugunyazweni kwezimpahla ezingakhokhelwa ntelo eMnyangweni wokuThelisa ukuthi zikwazi ukudalulwa ngaphansi kwalokho.

Umthelela wempahla yesaphulelo i-Rebate Item ukuthi isiza abathelekisi ekugwemeni umthwalo oba sekudayiseni kwempahla emakethe ngokusetshenziswa kwengqalabizinisi uma kubhekwa uMnyango wokuThelisa kanye nezinye izintelo ezisebenzayo ezikhokhwayo ngempahla engasetshenziwe noma izingxenye ngesikhathi zithelekiswa.

## **Rebate Item 498.00**

Rebate Item 498.00 ihlizekela ukumiswa kwentelo yoMnyango wokuThelisa kanye neSheduli 1 eMthethweni weNtelantengo i- VAT Act ohlinzekela ukuxolelwa kuntelantengo ezimpahleni ezingeniswe ezweni ngaphansi kwe-Rebate Item 498.00. Uma izimpahla zisetshenziswa ekwakhiweni kwemikhiqizo ethelekiswayo, isikweletusibopho se-CCA Enterprise siyaphela uma kukhona ubufakazi bokuthi izimpahla zathelekiswa.

Uma kwenzeka izimpahla ezikhiqiziwe zithengiswa emakethe yakuleli, intelo emisiwe yoMnyango wokuThelisa kanye nezinye izintelo ezisebenzayo ezintweni ezingeniswe ezweni zizobe seziyakhokhwa.

Rebate Item 498.01 ikhuluma nge-CCA Enterprise kanti Rebate Item 498.02 ikhuluma nge-IDZ Operator. Ngokwe-Rebate Item 498.02 i-IDZ Operator izoba nelungelo lokungenisa izimpahla ezweni ngaphansi kwezimpahla ezihlinzekelwayo ukuze kwakhiwe futhi kulungiswe i-CCA ku-IDZ. Ungabheka naku- IDZs / SEZs.